


UKHOKHO UABRAHAMA

 IBhuku likaGenesisi njalo, isahluko 22, siqala ngendima 15, futhi sikhangelele manje nje ukuthi sikhulume okwesikhatshana esincinyane futhi siqale inkonzo. Genesisi 22, siqala ngendima 15.

Futhi ingilosi yeNkosi yasimemeza uAbrahama ngokwesibili isemazulwini,

Futhi yathi, Ngizifungile, itsho iNkosi, ukuthi njengoba wenzile le into, futhi ungayigodlanga indodana yakho, indodana yakho eyodwa:

Ukuthi ekubusiseni Ngizakubusisa, futhi ekwandiseni Ngizakwandisa inzalo yakho njenge nkanyezi zamazulu, lanjenge tshebetshebe elisekhunjwini lolwandle; njalo inzalo yakho izathumba amasango esitha sayo;

Lenzalweni yakho zonke izizwe zomhlaba zizabusiwa; ngoba ulalele ilizwi lami.

² Isithembiso bani, ngenxa yokulalela! Ukulalela yilokho uNkulunkulu akufunayo. Kwake kwatshiwo, “Ukulalela kungcono kulomhlatshelo.” Ukulalela iNkosi kungcono kuloba nguphi umhlatshelo angawenza.

³ Sikhangele isifundo esikhulu manje, lobubusuku, *UKhokho UAbrahama*, owabizwa ngokuthi “ubaba woKholo,” ngenxa yokuthi uNkulunkulu wamenzela isithembiso sokudla ilifa lomhlaba, leNzalo yakhe. Futhi kungoAbrahama thina, sifile kuKhristu, siba yiNzalo kaAbrahama futhi siyizindlalifa kanye Laye ngokwesithembiso.

⁴ Manje, uAbrahama wayengumuntukazana nje, wayengasinto ekhethekileyo. UNkulunkulu akazange ambize, ngokwembali esingaba layo, waze waba leminyaka engamatshumi ayisikhombisa lanhlanu ubudala. Umkakhe, okwakungudadewabo ngokuyingxenye, eleminyaka engamatshumi ayisithupha lanhlanu ubudala ngaleso sikhathi, babehlale ndawonye kusukela besasebancinyane kakhulu. Futhi wayeyinyumba, futhi engela bantwana. UNkulunkulu wabizela ukwehlukana okupheleleyo, ukuzehlukanisa kusuka kuwo wonke umhlaba, futhi lakubo bonke abantu bakhe, lakuzo zonke izihlobo zakhe. Kwakulento ekhethekileyo kuye ukuthi ayenze.

⁵ Futhi lapho uNkulunkulu ekukhangelela ukwenza into ekhethekileyo, Ufuna ukwehlukana okupheleleyo kuloba yikuphi ukuthandabuza. Kumele ubuye ekulaleleni okugcweleyo, ukulalela lokho Akutshoyo. UNkulunkulu

uyakufuna. Awungeke ukwenze ngenye indlela. Futhi, manje, Uhlezi ebeka isibonelo, futhi leso kwakuyisibonelo Sakhe, sokwahlukana okupheleleyo kuyo yonke imuli yakhe, izihlobo zakhe zonke, lokunjalo, ukuhamba impilo eyahlukaniselwe uNkulunkulu.

⁶ Iminyaka yedlula, akula lutho olwenzakalayo, kodwa uAbrahama wayelokhu ebambebele. Wayengela kudaniswa. “Kazange athandabuze ezithembisweni zikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waye qinile, esipha udumo kuNkulunkulu.”

⁷ Umnyaka ngomnyaka, lapho kuqhubeka, kungela kuthandabuza abachothozi abanengi babuya futhi bathi, “Abrahama, baba wezizwe, usulabantwana abangaki manje?” Lokho akuzange kumenze athandabuze. Kungela mntwana, futhi uSara waye sedlulile isikhathi sempilo, sokuzala abantwana, yebo, khonale ngangale kokucina ukuzala, kodwa kunjalo uAbrahama wakholwa uNkulunkulu ngokufanayo nje. Wenza amalungiselelo womntwana, ngoba wayekwazi futhi wayeqinisekile ngokugcweleyo ukuthi uNkulunkulu wayengeke enze isithembiso Ayengekho mkhulu okweneleyo ukusisekela.

⁸ INzalo Yakhe kufanele icabange into efanayo. Kungenani lokuthi kukhangeleka kungekho qotho okunganani, ukuthi kukhangeleka kungasi kwemvelo okunganani engqondweni yemvelo, kukanti uNkulunkulu angeke enze isithembiso sokuthi Akakho mkhulu okweneleyo ukusinakekela. Siyakholwa leyo nto efanayo lamuhla. Yonke iNzalo yeqiniso kaAbrahama ikholwa into efanayo. Kungelandaba lokuthi yizimilo bani ezikhona, lulwazi olunganani esilubutheleleyo, zingaki izinto ezenzakeleyo, ukuthi kazisizo zemvelo okunganani engqondweni yemvelo, kuyibuwula obunganani, bengisitsho, engqondweni yemvelo, akwenzi ngitsho umahluko omncinyane. Nxa uNkulunkulu watsho njalo, yikho lokho. Futhi iNzalo kaAbrahama ihlezi phezu ko iTSHO KANJE INKOSI. Lokho kuyayiqeda indaba.

⁹ Siyafumana, eminyakeni engamatshumi amabili lanhlanu eyalandelayo, kungelabantwana. Futhi kunjalo uNkulunkulu wayethembekile ukugcina isithembiso Sakhe kuAbrahama, ngoba uAbrahama wakholwa uNkulunkulu. Umfana omncinyane weza enkundleni, uIsaka omncinyane.

¹⁰ Khona-ke emva uIsaka omncinyane esebuyile enkundleni, khona-ke siyafumana ukuthi uNkulunkulu wamupha isivivinyo esiphindwe kabili. Wathi, “Lumntwana...” Emva manje kokuba phose iminyaka elikhulu letshumi lanhlanu ubudala, kumbe amatshumi amabili, uAbrahama ayelayo. Wathi, “Ngifuna ukuthi uthathe leyi, indodana yakho eyodwa, futhi umuse phezulu entabeni engizakutshengisa yona, futhi lapho umnikele, kuyona lintaba, okomhlathshelo.” Ngamanye

amazwi, chitha ubufakazi bonke ayelabo ukuthi isithembiso singagcwaliswa. Lokho yikususa zonke izinto zemvelo.

¹¹ Futhi uAbrahama wathi, “Ngamamukela njenga lowo ovele kwabafileyo. Futhi ngiqinisekile ngokugcweleyo ukuthi Uyenelisa ukumvusa kwabafileyo.”

¹² Yibo abantu manje iNzalo kaAbrahama, ngoba Wasivusa kwabafileyo. Sasifile esonweni laseziphambekweni. Futhi Yena Owayesenelisa ukuguqula ingqondo yami, ukuguqula imicabango yami, ukuguqula imvelo yami, ukungiguqula konke, Angenza njengoba Ethanda. Loba yini Akutshoyo, ngiyakholwa kuliQiniso, futhi yonke iNzalo kaAbrahama ikholwa into efanayo.

¹³ UAbrahama, engekho ekungalalelini uNkulunkulu, wathatha umfana omncane. Futhi ngalokhu ukusa, watshela inceku, “Manini lapha lembongolo. Futhi indodana lami sizakuya nganeno ukuyakhonza, futhi yena lami sizaphenduka.” O, uzakwenza njani na? Lapho esiya phezulu esiqongweni sentaba, ukuthatha impilo yendodana yakhe uqobo, kodwa wathi, “Umntwana, umfana lami sizaphenduka.” Wayekwazi ukuthi enye into kwakufanele yenzakale. Futhi kazange abekwazi ukuthi uNkulunkulu wayezakwenza njani; lowo akusiwo umbuzo wakhe. Uyakwazi ukuthi uNkulunkulu wakuthembisa.

¹⁴ Yikho kuphela esilendaba lokuba kwazi, uNkulunkulu wakuthembisa! Kuzakuba njani na? Angeke ngilitshela. Kodwa uNkulunkulu watsho njalo! Uzathumela uJesu Khristu, okwesibili, Uzabuya esimweni senyama. Uzathatha Abakhe uQobo. Kuzakuba leminyaka eyinkulungwane, ukubusa kwemileniyamu phezu kwalumhlaba, kanye Laye, kanye labahlengiweyo. Yikho lokho Akuthembisayo, futhi sikhangelele lelo hola ukuthi lisondele.

¹⁵ Wathembisa ukusilisa abagulayo, ukuvusa abafileyo, ukuxotsha odeveli. Wathembisa ukukwenza. Yena ungo fanayo izolo, lamuhla lanininini. Njani na? Kangazi. Wathembisa ukukwenza! Siyakukholwa; lokho kuyayiqeda indaba. Lapho umuntu ekholwa uNkulunkulu, ukholwa konke Akutshoyo.

¹⁶ Futhi yiyo indlela uAbrahama akholwa ngayo uNkulunkulu. Manje wacelwa ukuchitha bonke ubufakazi ukuthi isithembiso Sakhe sizakunakekelwa, kodwa wayesuthisekile ukuthi uNkulunkulu wayesenelisa ukukwenza.

¹⁷ Manje, kazange kuphela Aphe lesi isithembiso esikhulu, Wasipha iNzalo yakhe, njalo. Futhi ngoba uAbrahama wayethembekile, futhi wagcina i-iLizwi likaNkulunkulu lelo uNkulunkulu amthembisa lona, futhi wabakwazi ukuthi uNkulunkulu engavusa lumntwana. Futhi akamgodlanga umntwana wakhe uqobo; kodwa (uNkulunkulu) wayengumfanekiso kaNkulunkulu esipha iNdodana Yakhe,

yebo sibili; lapho ethwala inkuni phezu kwentaba, lokunjalo; njengoKhristu ngokuya kwesikhathi wathwala ugodo Lwakhe uQobo lokuhlatselwa, phezulu oqaqeni, lapho Abethelwa khona.

¹⁸ Siyananzelela ukuthi kulokhu, ekwenzeni lokhu, kwathokozisa uNkulunkulu kakuhle sibili ukubona ukuthi uAbrahama Wayemthanda phezu kwakho konke emhlabeni, loba indodana yakhe eyodwa. WaMthanda ngaphezu kwaloba ngubani ayengakutsho, loba ngubani ayengakwenza, wayelokhu emthanda uNkulunkulu okweneleyo ukukholwa iLizwi Lakhe.

¹⁹ Yonke iNzalo kaAbrahama ikholwa uNkulunkulu njenga lokho. Bayamkholwa uNkulunkulu. Futhi siyakwazi ukuthi kwathokozisa uNkulunkulu kahle sibili okokuthi nanku lokho Akukhulumayo, “iNzalo yakho izathumba amasango esitha sayo. iNzalo yakho izathumba amasango esitha sayo.” Khumbula, lokho kuyi ITSHO KANJE INKOSI. iNzalo kaAbrahama iyakukholwa lokho. Nxa uyiNzalo kaAbrahama eqotho, ukholo uAbrahama ayelalo kuNkulunkulu, lukuwe. Futhi uyakholwa, ukuthi lokho uNkulunkulu akutshiloyo, uNkulunkulu uyagcina isithembiso Sakhe.

²⁰ Futhi Wakukhuluma, manje khumbula, Wenza kuphela lesi isithembiso kuAbrahama ngemva kokuba Emphe isivivinyo. iNzalo kaAbrahama kumele ivivinywe kuqala, ukubona ukuba bayakholwa sibili iLizwi. Khumbula, indlela kuphela ayengagcina ngayo isithembiso sikaNkulunkulu, ngoba wakholwa isithembiso sika Nkulunkulu, futhi wavivinywa ukuba wayeKukholwa kumbe hatshi.

²¹ Siyaletswa kuleso sivivinyo. iNzalo kaAbrahama, lamuhla, ilethwa kuleso sivivinyo. Sizathatha iLizwi likaNkulunkulu, kumbe sithathe lokho umuntu akutshoyo mayelana Ngalo na? Sizathatha lokho ezinye inhlanganiso ezikwenzileyo njengesivumokholo, futhi zakwamukela, kumbe sithatha lokho uNkulunkulu akutshoyo na? Nxa iLizwi likaNkulunkulu liyiqiniso, sikholwa iLizwi likaNkulunkulu, kungenani lalokho enye into eyikho. Sivumela ilizwi lomuntu wonke libe ngamanga, futhi elikaNkulunkulu libeliQiniso. iNzalo yeqiniso kaAbrahama! Kodwa ungakabi yileyo Nzalo yeqiniso, kufanele udlule kusivivinyo, njengoAbrahama akwenzayo, ngokwakhe. Wathembisa kungasi kuAbrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe izakuthumba amasango esitha. O, minabo!

²² Cabangani nje, ukhokho wayeqinisekile kikho, ekuvivinyweni kwakhe kwesithembiso seLizwi likaNkulunkulu, kwakuqondile. Kungenani lokuthi izimilo zaziyi, wayelokhu ekholwa iLizwi ukuthi laliqondile. UAbrahama, ukhokho omkhulu, kazange athandabuze ekukholweni, lapho elethwa kuleso sikhathi sokuvivinywa. Wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayesenelisa ukumvusa kwabafileyo. Wakukholwa, ngoba

uNkulunkulu wenza isithembiso. Futhi lapho uNkulunkulu esenza isithembiso sokuthi uzakuba “ngubaba wezizwe,” futhi wakholwa ukuthi lokho kwakunjalo. Kazange abekwazi ukuthi kuzakuba njani. Lapho ingane isiza, emva kokuba esethembile, iminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, khona-ke wacelwa ukubulala ingane, wayelokhu ekwazi ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sasiliqiniso, futhi wanikela indodana yakhe.

²³ INzalo Yakhe, into efanayo! Isithembiso sikaNkulunkulu siluphawu, kulabo abayiNzalo kaAbrahama. Isithembiso siluphawu, ubufakazi obusayiniweyo. Futhi lapho sikholwa lonke iLizwi elithenjisiweyo, khona-ke uphawu luyanikezwa kithi, ukuqinisa isithembiso ngalo. Bona, nxa si—nxa si, siyiNzalo kaAbrahama, siyadlula ekuvivinyweni loba sizakukholwa iBhayibhili, kumbe hatshi. IBhayibhili yiLizwi likaNkulunkulu, ngoba LinguNkulunkulu. Futhi-ke emva kokuba usudlule ekuvivinyweni, ukukholwa.

²⁴ Lapho abanye babo besithi, “Insuku zezimangaliso sezadlula.” Nxa ungakwamukela lokho, kuphikisana leLizwi.

²⁵ Nxa usithi, “Kawuwamukeli uMoya oNgcwele, lamuhla. Akulanto enjalo. Abapostoli abalitshumi lambili nje abaWamukelayo.”

²⁶ ILizwi lathi, uPhetro eKutshumayela ngoSuku lwePhentekhosti, wathi, “Phendukani, lonke, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwesono, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele. Ngoba isithembiso ngesenu, lakubantwana benu, lakubo abakude, labo bonke iNkosi uNkulunkulu ezakubabiza.”

²⁷ Yikho kanye lokho eLikutshoyo. Yikuthi, manje nxa usulungele ukuthatha isivivinyo, isivivinyo sikaNkulunkulu esimunyu, futhi ulandele leso silayezo somuthi, Ngiyalitshela, lizafumana ukuthi uNkulunkulu uyagecina iLizwi Lakhe, nxa lingaLikhola. Kunjalo. Kodwa kumele udlule kulokho, ngoba yilo uphawu; lapho ungaLwamukela, khona-ke uzakwamukela isithembiso. Ngoba, yisilayezo somuthi sikaNkulunkulu, indlela okufanele sikwenze ngayo, futhi yiyo indlela okumele sikulandele Ngayo, lokho nje Akukhulumileyo. Manje hatshi nje kwabanye, kodwa “loba ngubani,” loba ngubani okholwayo, loba ngubani ophendukayo, loba ngubani okholwayo. Kukuzizukulwane zonke, ebantwini bonke, loba ngubani ofuna ukuKukholwa. Futhi ukholo eLizwini likaNkulunkulu lukuletha kulesi isithembiso. Khona-ke, lesosikhathi kuphela, ungaba lamandla okuthumba uphawu lwesithembiso.

²⁸ Futhi isithembiso esisamukelayo, uphawu, lubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Kunjalo. Ngoba lowo nguNkulunkulu ngesimo sikaMoya, wena uyiLizwi Lakhe kuwe, khona-ke Uyangena. Nxa ungamukela iLizwi kuwe, uMoya oNgcwele yinto kuphela engenza Lokho kuphile, futhi-ke ulaso

isithembiso sokuthumba amasango esitha sonke esizama ukukuhlasela. Kunjalo. UNkulunkulu wakuthembisa, futhi kunjalo.

²⁹ Manje, khumbula, ungakwenza lapho, futhi lapho kuphela, emva kokuvivinywa ngeLizwi.

³⁰ UAbrahama wavivinywa ngeLizwi. “Uzakholwa, Abrahama, ukuthi uzakuba lendodana na?”

“Yebo.”

³¹ Indodana yabuya. “Manje mbulale. Ulokhu usakukholwa, Abrahama?”

³² “Ngiyakukholwa, lakhathesi, Uyenelisa ukumvusa kwabafuleyo.”

³³ Futhi ngemva kwalokho, Wathi, “Manje, iNzalo yakho izathumba isango lesitha sayo.” Ameni! Emva ukuvivinywa sekubuyile!

³⁴ Asikhangeleni kwenye inzalo kaAbrahama, enzalweni yenyama. Leyo, esiba yiyo lamuhla iNzalo kamoya. Kodwa kasifumaneni, ngenzalo yenyama, yabanye babo abakholwa isithembiso esigcweleyo sikaNkulunkulu, futhi bengakaze basibu- . . . [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]

³⁵ Ngathi, “Kanje, kuyini inkazana yesiKhristu ekufunela ukutshengisa isiketi sayo sangaphakathi? Angikuzwisisi lokho.”

³⁶ Uzelwe kutsha, ngoNkulunkulu, ulobuhle bukaMoya oNgcwele ukutshengisa lokho oyikho, uyikho. Ulobumsulwa lezi iziketi ezikhanyisayo ezingelabo. Kunjalo. Umfazi oqotho kaNkulunkulu, omayo ngobumsulwa, ungahlekwa, futhi ubizwe ngokuthi ngowesidala; kodwa ulenye into abangeke bayithinte, futhi sebalahlekelwa yiyo futhi abangeke babe layo njalo. Kunjalo. Ulobumsulwa. Yikho lokho uNkulunkulu akukhangelelayo, yibumsulwa. Bona?

³⁷ Kodwa into yokuqala, nxa kulombuzo engqondweni yakho, ungakwenzi lakancinyane. Ungabuyi emzileni wokukhulekelwa nxa kulombuzo engqondweni yakho. Ungabuyi ngaphandle ukukholwa uqobo, ngempela, akula gagasi engqondweni yakho, ngitsho, kodwa ukuthi uyakusiliswa, khona-ke uzasuka kulipulathifomu ungumuntu ophilileyo. Kunjalo, lapho kungekho mbuzo engqondweni yakho, ngitsho. Kumele ukholwe uNkulunkulu, hatshi ukuzenza ingathi uyakholwa. Kholwa sibili!

³⁸ Futhi iNzalo kaAbrahama iyakholwa ngoba iLizwi latsho njalo, futhi yiso isizatho sikukholwa. Hatshi ngoba omunye umuntu uchothozile, ngoba omunye umuntu watsho njalo. Ngoba uNkulunkulu watsho njalo, lokho kukwenza iQiniso. Lapho uNkulunkulu ekutsho, lokho kuyaqeda imibuzo yonke. Uyilizwi lokucina. Ungunomphele. Lapho uNkulunkulu ekhuluma loba yini, lokho kuqeda indaba. Akukho okunye

okungakhuluma kumelana Lakho. “Lonke ilizwi lomuntu libe ngamanga, futhi eLami libe liQiniso.”

³⁹ Manje lapho sihlola ezinye zalezi nzalo, kasicabangeni. Sicabanga ngabantwana bamaHebheru, ngilakho lapha, ngicabanga ngalokho, ngabantwana bamaHebheru, emva kokuba sebevivinyiwe ngokukhonza isithombe. Manje, wena khumbula, inkosi yathi, “Loba ngubani ongasoze akhothamele lesithombe, uzaphoselwa esithandweni somlilo.” Manje, abantwana laba bakholwa ukuthi iLizwi likaNkulunkulu laliqondile, ukuthi abamelanga bakhonze loba yiluphi uhlobo lwesithombe, kodwa lapho besiza ekubonakalisweni futhi bavivinywa ukuba babengakwenza.

⁴⁰ Lapho, abanye bonke abantwana phansi lapho bamukela futhi bahamba ekukhonzeni, baqhubeka besiya ngendlela inkosi eyakhuluma ngayo. Bahamba ngomcabango odumileyo wosuku, ukuthi kufanele bakwenze.

⁴¹ Futhi lapho bevivinywa, ukuba babezakhonza izithombe futhi bephule iLizwi likaNkulunkulu, bahlala beqinisekile eLizwini. Kungelani lezimo, bahlala beqinisekile eLizwini. Futhi lapho bebaphosela esithandweni somlilo, isithembiso sikaNkulunkulu sagcwaliseka. Bathumba amasango esitha sabo. Futhi kwakuleNdoda yesine eyayimile phakathi lapho, elesihluthulelo esakhulula ukutshisa emlilweni, futhi kwakungeke kwenze lutho kodwa kwabakhulula. Amen!

⁴² Lapho indoda kumbe umfazi eselungiselele ukuthatha isivivinyo, isivivinyo esimunyu!

⁴³ Uyabona, kwakufanele bahambe emlilweni. Futhi-ke lapho bekwenza, babesemlilweni, futhi into kuphela eyathathi ndawo, lokhu kuvivinywa komlilo kwakhulula kuphela, kwakhupha i—izibopho ezandleni zabo.

⁴⁴ Izikhathi ezinengi, uNkulunkulu uyasivumela, lapho sibotshaniswa kanye lomhlaba, sibotshiwe, Uyavumela izivivinyo zomlilo zibuye phezu kwethu, lapho okufanele senze khona isinqumo. Futhi lapho sisenza lokho, into kuphela isivivinyo esingayenza, lapho iNzalo kaAbrahama eqotho imile e—emahlanganelweni endlela yesinqumo, futhi enze isinqumo sake ukukhonza uNkulunkulu, kungaqamula kuphela izibopho zikhululeke futhi sisenza sikhululeke. USathane angakupha umkhuhlane. Engakunika into eyodwa, eyinye. Ukwazi njani ukuthi akasuye Nkulunkulu okubeke emahlanganelweni endlela, ukubona ukuthi luhlobo bani lwe—lwe—lwesinqumo ozalwenza?

⁴⁵ Bathumba isango lomlilo. Umlilo wawungelakubatshisa. Kwakungela ngitsho umnuko womlilo phezu kwabo, ngoba babekwazi ukuthi babeyiNzalo kaAbrahama, futhi bamela uNkulunkulu leLizwi Lakhe. Bathumba i—isango lesitha, futhi umlilo wawungelakubatshisa, ngoba bathumba amasango.

46 Ngokuya kwesikhathi, kwakulendoda, umprofethi phansi lapho, obizo nguDaniyele. Waye... waba lokuvivinywa ukuba uzakhonza yini uNkulunkulu oyedwa weqiniso, kumbe hatshi. Futhi lapho kusiza kuleso sikhathi, loba wayezakhonza uNkulunkulu oyedwa weqiniso, kumbe akhonze unkulunkulu wamahedeni, wayala ukukwenza; futhi wavula amakhetheni, futhi wakhuleka kuNkulunkulu wakhe, nsuku zonke. Futhi wathathwa yilokho, ngesijeziso semithetho yelizwe, futhi waphoselwa emhumeni wezilwane. Ixuku elilambileyo lezilwane zambhongela zimlanda. Wenzani na? Wathumba isango lesitha sakhe. Izilwane azizange zimudle. UNkulunkulu wathumela phansi iNsika yoMlilo, iNgilosi eyayimi phakathi kwakhe lesilwane.

47 Wathumba isango lesitha, ngoba wavivinyelwa ukubona ukuthi uzakhonza yini uNkulunkulu oyedwa weqiniso, kumbe abe ledazeni labonkulunkulu bamahedeni ayebakhonza. Ngakho wasimela isivivinyo, futhi wathumba isango lesitha. Isilwane sasingenlisi lokumbamba, ngoba uNkulunkulu wayelaye. Isithembiso sikaNkulunkulu sahlala siqinisele, ngoba waye yiNzalo yeqiniso kaAbrahama.

48 UMose, o, omunye omkhulu. Wavivinywa, laye, ukubona isithembiso uNkulunkulu amnika sona. “Ngizakuba lawe lapho usiya phansi lapho.” Futhi lapho esima phambi kwaba lingiseli besipho sakhe, UJanesi loJambresi bazama ukuma futhi balingisela into uqobo uMose alayelwa ukuyenza. Futhi uNkulunkulu wayembizile, futhi wayekwazi ukuthi wayenguye owayethunyiwe ukwenza lokhu, futhi wema lapho futhi wenza isimangaliso njengoba uNkulunkulu emtshelile ukukwenza. Futhi lapha kwema abalingiseli, ukwenza into efanayo, kodwa akuzange kumhluphe uMose. Wema eqinisekile eLizwini likaNkulunkulu, futhi wathumba amasango, ameni, esitha, ngoba wema eqinisekile esithembisweni sikaNkulunkulu, kungenani lokuthi ngubani owayezama ukukulingisela.

49 Yisifundo bani leso kumKhristu wonke! Lapho ukhangela ngalapho futhi ubone umzenzisi, wena khumbula nje uzama ukulingisela into eqotho. Kodwa, lokho kuphela kutsho ukuthi kuloyedwa oqotho. Mana uqinisekile eLizwini likaNkulunkulu! Kungenani lokuzama kumbe okuhambayo, gcina isithembiso Sakhe. Yebo, uDaniyele wahlala eqinisekile eLizwini likaNkulunkulu.

50 Akulandaba ukuthi bangaki abazama ukumlingisela, lakho konke okunye, wahlala eqinisekile. Futhi wabuyela injongo, ukuzokhuphela uSrayeli phandle kweGibhithe, lokubahambisa elizweni lesithembiso. Futhi lapho kusiza isikhathi sabo sokuthi bangene elizweni lesithembiso, bephuma eGibhithe, lapho kwema uLwandle oluFileyo endleleni. Futhi wathumba amasango amanzi, njalo amasango avuleka. Futhi a—amanzi ahlehlela emuva, futhi uMose wahambisa uSrayeli enkangala,

entabeni lapho uNkulunkulu amthuma khona ukuba letha. Amen. Wathumba amasango esitha.

⁵¹ Ubaba wakhe, uAbrahama, wayebe laleso sithembiso, ukuthi iNzalo yakhe yeqiniso izathumba isango lesitha. Futhi amasango amanzi avalwa, futhi wayengeke adlule, futhi leyo kwakuyindlela yomlando. Kwakumele alethe labo bantwana kuleyo ntaba. UNkulunkulu wamtshela ukuba akwenze. Futhi lapho kwakumi isango endleleni, futhi wathumba isango lesitha.

⁵² UJoshuwa, phambidlana, lapho besiza eKadeshi-bhaneya, okwakuyisihlalo sokwahlulelwa somhlaba ngaleso sikhathi, lapho uIsrayeli wahlangana lokwahlulelwa kwakhe. Siyathola uJoshuwa loKalebi, labanye abalitshumi lambili... kumbe— kumbe abanye abalitshumi. Oyedwa esizweni ngasinye wathunywa ukuyahlola ilizwe ababelungiselele ukulamukela.

⁵³ Futhi lapho bebona lezo ziqhwaga ezinkulu zimile lapho, abalitshumi lambili babo bezwa kubi kakhulu, bathi, “Asingeke silithathe. Likhulu kakhulu. Ngani, khangela esiphikisana labo esilabo.” Kodwa lapho bephenduka ukuzoletha umbiko, baletha umbiko omubi.

⁵⁴ Kungani baletha umbiko omubi, nxa uNkulunkulu wabatshele, “Ngiliphile lelo lizwe; ngelenu”? Wabatshele phansi eGibhithe. “Ngiliphile leli lizwe. Lilizwe elihle. Ligeleza ngochago loluju.”

⁵⁵ Kodwa lapho bebona abaphikisana labo bebakhulu kangako, abalitshumi babo baphenduka futhi bathi, “Asingeke sikwenze.”

⁵⁶ KwakunguJoshuwa, wathulisa abantu, futhi wathi, “Siyenelisa ngokwedlulisileyo ukulithumba. Siyenelisa ngokwedlulisileyo!” Ngoba ngani? Wayekhangele esithembisweni. Waye yiNzalo yeqiniso kaAbrahama. Kungenani lokuthi okuphikisayo kwakuyini, “Siyenelisa ukuthumba isango, ngoba uNkulunkulu wathembisa ilizwe.” Futhi wathumba isango.

⁵⁷ Ngokuya kwesikhathi, lapho eletha abantwana bakoIsrayeli phansi emfuleni. Kwema lapho, ngenyanga kaMabasa, umfula omkhulu, uhuba. UJordani esehla phansi evela ezintabeni, futhi wayesabalele emagcekeni. Kwakhangeleka njengesikhathi esibi, emnyakeni, ukuthi abe lapho. Kodwa, kanti, wayeyiNzalo kaAbrahama. Wayesazi ukuthi wayesithembiso, futhi wayesemzileni womlando. UNkulunkulu wamupha umbono, ukuthi akwenze njani, futhi wathumba amasango omfula. Lapho amasango evuleka, amanzi ahlehlela emuva ezintabeni. Futhi uJoshuwa loIsrayeli bathumba amasango esitha, futhi bachaphela elizweni lesithembiso, ngoba uNkulunkulu wabatshelela ukuthi bakwenze. INzalo yeqiniso kaAbrahama!

⁵⁸ Bafowethu labodadewethu, lapho efika khona ngale, IJerikho yayibiyelwe ngomduli, omude okweneleyo ukuthi

babengagijimisa inqola ezintathu ngaphezulu. Ayeyakwenza njani lawa amaIsrayeli kanye lezibolekiweyo, inkemba ezidojiweyo, lakho konke, lezigodo lamatshe, babezakungena njani phakathi lapho na? Kodwa wayelokhu eyiNzalo kaAbrahama. UNkulunkulu wamupha umbono, wamtshela ukuthi akwenze njani, wathi, “Zwakalisani uphondo.” Ameni. Yikho. “Limemeze, limatshe lisiya emdulwini, amasango azakuwa phambi kwenu.” Ameni! WayeyiNzalo yobukhosi kaAbrahama. Wayelikholwa eliqotho likaNkulunkulu. “Amasango azawela phansi phambi kwenu. Limemeze nje, futhi lizwakalise uphondo. Yikho kuphela okumele likwenze.” Futhi kuyini okwenzakalayo? Amasango awela phansi, futhi uJoshuwa walithatha idolobho.

⁵⁹ Ngokuya kwesikhathi, siyathola ukuthi isitha sasibaleka futhi siqhubeka, ngemva kwalokho, futhi Wamisa ilanga ekuhambeni kwalo. Njengoba ngikhulumile ngokunye ukusa, ku*Ndida*, Wamisa ilanga waze wathumba amasango esitha sakhe. Ameni. Wayekwazi nxa leso sitha sake saba ndawonye njalo, babehlakazekile, futhi ilanga laselitshona, lamaAmori, lamaAmaleki, lokunjalo, basebhlakazekile ndawozonke. Nxa bengabandawonye njalo, futhi babuye ndawonye, khona-ke wayezakuba lesikhathi esinzima sokubanqoba njalo. Futhi kwakulento eyodwa kuphela eyayibambile, kwakuyisikhathi. Futhi Wamisa isikhathi. Ameni! Ameni! Kulento eyodwa emsusa esithembisweni, kwakulilanga, imvelo ngokwayo ichaphela nganeno, futhi Wamisa imvelo. Ngani na? Waye yiNzalo kaAbrahama. Wayekholwa isithembiso sikaNkulunkulu. Wayimisa, futhi wathumba amasango. Yebo, mnumzana.

⁶⁰ Amadoda lawa amakhulu, wonke ngamadoda amakhulu. Kodwa uyazi lapho be, bonke, munye lamunye wabo, lapho besiza esangweni lokufa, bonke bafa. Munye lamunye wabo kwakufanele bafe. Ngoba babengamadoda amakhulu, “Bamisa u—umlomo wezilwane, futhi baphepha umlilo, losiko lwenkema,” lokunjalo, njengoba sitshelwa kumaHebheru 11. Futhi bathumba amasango esitha, wonke kuphela isitha esisodwa, futhi leso kwakuyikufa. Ukufa kwaginya munye lamunye wabo.

⁶¹ Khona-ke ngolunye usuku, ngalapho kwabuya iNzalo yoBukhosi kaAbrahama, uJesu Khristu, iNdodana kaNkulunkulu; iNzalo kaAbrahama, ngokholo. Hatshi ngoIsaka, inzalo yenyama; benza ingxenye yabo. Kodwa nangu Esiza Owayengazalwanga ngokwenyama. Nangu esiza Lowo ongazange abuye ngesifiso semacansini. Nangu esiza Lowo owokuzalwa yintombi. INdodana kaNkulunkulu, iNzalo kaAbrahama, iNdoda bani enkulu leyi okwakuyiyo! Abanye abemvelo babezalwa ngokuzalwa kwemvelo. LiNdoda yazalwa yintombi. Kuyini Akwenzayo lapho esiza emhlabeni na?

Wanqoba isitha sonke lesu uSathane ayelaso. Wanqoba yonke into.

⁶² Kuyini Akwenzayo na? Waphuma phandle futhi wanqoba umkhuhlane. Kwakungeke kube lomkhuhlane ngaKuye; loba ngaphi umkhuhlane owawukhona, Wawunqoba. Kuyini Akwenzayo emva Esekunqobile na? Wasipha izihluthulelo, ameni, esithi, “Lobayini elikubophayo emhlabeni, Ngizakubopha eZulwini.” O! Ameni! Leyo yiNzalo yoBukhosi kaAbrahama, isithembiso Sakhe. UMoya oNgcwele ephakathi kwethu manje, kanye lezihluthulelo, ekubambe emkhuhlaneni. Wanqoba umkhuhlane. Umkhuhlane kawungeke ume eBukhoneni Bakhe. Futhi Wathi ukuthi Wasipha izihluthulelo zokwenza into efanayo, ukunqoba umkhuhlane. “Loba yini okubopha emhlabeni, Ngizakubopha eZulwini.”

⁶³ Njalo, isilingo, Walingwa ngayo yonke indlela njengathi silingwa. Wenzani na? Wakunqoba. Futhi Wathini kithi na? “Melanani lodeveli, futhi uzalibalekela.” Wasingqobela umkhuhlane. Wasingqobela isilingo, wephulela phansi amasango; wathatha isihluthulelo kumlingi, futhi wasinikeza ekholweni, leNzalo kaAbrahama, futhi wathi, “Nxakulungisa, melana laye, futhi uzakubalekela.” O, minabo! Melana laye!

⁶⁴ Wanqoba konke ukufa lesihogo. Wavuka ngosuku lwesithathu, esithi, “Ngingqobile. Futhi ngoba Ngiphila, lani liyaphila.” O, yisithembiso bani! Lokho kukuNzalo kaAbrahama. Wanqoba ingcwaba, wavuka ngosuku lwesithathu, esenzela ukulungiswa kwethu. Lapho Evuka, Waba yikulungiswa kwethu. Lokho kusenzani na? Wanqoba umkhuhlane. Wanqoba ukufa. Wanqoba isihogo. Wanqoba ingcwaba. Wanqoba isilingo. O!

⁶⁵ “Manje singabedlula abanqobi Ngaye owasithandayo, futhi wanikela impilo Yakhe ngalokho,” eyiNzalo yoBukhosi kaAbrahama. LoMoya munye kaNkulunkulu phakathi kwethu, owawuKuye, sedlula abanqobi. Isango lonke lanqotshelwa thina. Into kuphela esingayenza yikulithumba. Selivele lanqotshwa. Umkhuhlane unqotshiwe. Ukufa kunqotshiwe. ISihogo sinqotshiwe. Ingcwaba linqotshiwe. Yonke into inqotshiwe, futhi sibambe izihluthulelo, ngomusa Wakhe. Uyesaba ukuhloma izihluthulelo esikhaleni sekhiye, futhi uthi, “Ngibuyi eBizweni likaJesu Khristu?” “Cela uBaba loba yini eBizweni Lami.” NgiyaMthanda.

⁶⁶ Emva iminyaka eyizinkulungwane ezimbili isedlule, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi lokhu elapha Uphakathi kwethu, uMqobi olamandla owadabula iveyili laba yiziqephu ezimbili, lokho kwathatha umkhuhlane wonke, isifo sonke, yonke into phezu Kwakhe, futhi wathwala ubuthakathaka bethu esiphambanweni, lemikhuhlane yethu lezifo zethu, futhi wanqoba phezu kwakho, futhi wavukela

ukulungiswa kwethu, futhi umile ephila emva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili, ukuZibonakalisa njengo Jesu Khristu ophilayo, ngaphakathi kweNzalo yobukhosi kaAbrahama abazindlalifa yezinto zonke. O, minabo! Labo abathi ngemuva, badlula ekuvivinyweni, isithembiso seLizwi! Nxa ungakholwa iLizwi, khona-ke njalo usuyiNzalo kaAbrahama. Yiyo indlela obuya ngayo Kukho.

⁶⁷ Nxa ungeke uthathe lokho kuvivinywa kweLizwi, khona-ke nxa uKuthandabuza, ungathi uyaKuthikaza kancinyane, awukukholwa Khona, kulenye into kumbe okunye, awukwanisi ukuKukholwa, khona-ke ungabuyi emzileni wokukhulekelwa. Angingeke ngidlalele e-altare, uze wenelise ukuthola umusa oweneleyo ukuba kwazi ukuthi iLizwi likaNkulunkulu liliqiniso.

⁶⁸ Futhi lapho udabula lelo veyili lokungakholwa, khona-ke usulezihluthulelo ezandleni zakho, ezokufa, isihogo, lengcwaba, ngoba liloMqobi Owalingqobelayo. Khona-ke ulamaHebheru 13:8, asitshelayo, “UJesu Khristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Singakwenza njani na?

⁶⁹ Abantu lamuhla bathi, “O, awu, ngizakutshela, Unge—ngendlela ethile, Unjalo.”

“Ungofanayo,” iBhayibhili latsho.

“O, awu, Akenzi lamuhla njengalokhu Akwenzayo.”

⁷⁰ Siyakuthola khona manje, lapho sibona iLizwi Lakhe liqinisiwe. Kuyini elikwenzayo na? Likuphosela khona kubuyele emathangazini abo njalo. Amen.

⁷¹ INzalo uqobo kaAbrahama iyaLikhholwa. BayaLazi. Futhi Uyama, lobubusuku, njengalapho ehlangana loAbrahama phezulu lapho ezinsukwini zikaLothi futhi wenza lesi simanga, njengalokho Akwenzayo ngokutshela uSara lokho akutshoyo ngemuva Kwakhe. UJesu wathembisa, iNzalo yoBukhosi kaAbrahama, ukuthi iBandla lizabona leyonto efanayo ngaphambi nje kokuBuya Kwakhe. Kuyini na? Kumele kwenzakale. UNkulunkulu wakuthembisa. UJesu Khristu wakuqinisa futhi wathi kuzakuba njalo, futhi nanku silapha lamuhla, emva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili, siMbona phakathi kwethu, lokhu enguMqobi olamandla! Wanqoba ukufa, isihogo, ingcwaba, izinkolo-ze zonke; wathatha iLizwi . . . ? . . . yena. Yebo.

⁷² Wathi, “Uba lihlala Kimi, laMazwi Ami kini, celani elikufunayo futhi kuzakuphiwa kini.” Kwakuyini na? ILizwi, uKhristu, Osenhliziyweni yakho. “Uba lihlala Kimi, aMazwi Ami ehlala kini, khona-ke selinqobile yonke into ngoba ngalingqobela khona. Uba lihlala Kimi, uba lingangiZwisisa, uba lingahlala Kimi. Lowo okholwa Kimi, oNgamukelayo; hatshi nje ukhoho lokuzenzisa, kodwa ongamukela. Lowo ozwa aMazwi Ami, uyazwisisa aMazwi Ami, futhi akholwe Kuye

oNgithumileyo, uleMpilo engapheliyo; futhi akasoze abuye ekulingweni, kumbe ekulahlweni, kodwa usedlule ekufeni waya ekuPhileni.” Nango Elapho, uMqobi olamandla!

⁷³ Nangu Elapha lamuhla, ofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Nangu Ulapha esenza phambi kweNzalo kaAbrahama, ebizwe phandle kweBhabhiloni, ebizwe phandle kweSodoma, ebizwe phandle komhlaba futhi yahlukaniswa, etshengisa isithembiso Sakhe nje khona indlela yonke. Ngemva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili, Nangu emile phakathi kwethu, lobubusuku, lowo Mqobi olamandla, iLizwi likaNkulunkulu Ongadalula imicabango esehliziyweni, lezindlo zayo. Kuyini na? “INzalo yakho izathumba amasango esitha sayo.” Kuyini na? YiNzalo kaAbrahama, iNzalo yobukhosi, ikholwa iLizwi. Futhi iLizwi yi—iLizwi nguNkulunkulu.

⁷⁴ Manje lapho sibona lokhu, singaklabalala kanye labo, njengembongi yasendulo:

Ephila, Wangithanda; esifa, Wangisindisa;
Engcwatshwa, Wathwalela kude izono zami;
Evuka, Wangilungisisa ngesihle lanininini:
Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku
lwenkazimulo!

⁷⁵ Omunye wathi, “Ususiba mdala, mfana.” Angeke ngikwenqabele lokho.

⁷⁶ Ngiphile kusukela ngisasengumfana omncinyane, impumela yami kuphela engake ngaba layo yikubona uJesu Khristu eBuya. Nganikela impilo yami okwaleyo njongo. Ngilokhu ngikuphuluphithi, njengendoda endala, ngiyakholwa iNdaba efanayo, futhi into enkulu engingacabanga ngayo yikubona uJesu Khristu esiza evela emazulwini ukuzokwamukela aBakhe uQobo. Nkulunkulu, khona-ke okwami... Akumangalisi singahlabela:

Lonke memezani amandla eBizo likaJesu!
Makuthi iNgilosi ziwe zicambalale;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi liMethese umqhele iNkosi yabo bonke.

⁷⁷ Ngani? UnguMqobi olamandla. Nxa uKuye, useLizwini. Wathi, “Uba lhlala Kimi, celani elikufunayo.” “Lokho elikufunayo,” ngoba lonke isango selivele lanqotshwa. Khona-ke singathi:

Ngoba sonke isithembiso eBhukwini ngesami,
Isahluko sonke, indima yonke, lomzila.
Ngithembele eLizwini Lakhe laPhezulu,
Ngoba sonke isithembiso eBhukwini ngesami.

⁷⁸ Bangane, liyananzelela ukuthi lokho kutshoni na? Sonke isithembiso uNkulunkulu asenzela uAbrahama, sonke isithembiso esakhulunywa ngabaprofethi, isithembiso sonke

uJesu Khristu asithembisayo esalolusuku, Ulapha ukuzosiqinisa lokutshengisa ukuthi Uyaphila kuze kube nini lanini. “INzalo yakho izathumba isango lesitha.”

⁷⁹ Lapho kusiza phansi eholeni lokufa. Uthi, “Uthini ngalokho na?” Lokhu usaselakho lokho kuNqoba uPhawuli athi. “O ngewaba, kungaphi ukunqoba kwakho na? O kufa, lungaphi udonsi lwakho na? Kodwa ukubonga kakube kuNkulunkulu, Osipha ukunqoba ngalowo Mqobi olamandla, uJesu Khristu.” O!

Makuthi iNgiloszi ziwe zicambalale;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi zimqhele Yena iNkosi yakho konke.

⁸⁰ Lobubusuku, emva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili, siyasukuma ukuMbona, lamanje, enguMqobi olamandla Owadabula iveyili elasehlukana kuloba siphi isithembiso sikaNkulunkulu, futhi singabedlula abanqobi Kuye. Kasikhulekeni.

⁸¹ Baba oseZulwini, lapho sisima lapha, lobubusuku, eBukhloneni bukaMoya oNgcwele, lowo uMuntu omkhulu kaJesu Khristu esimweni sikaMoya, Owathenjiswa ukuza phezu kweNzalo kaAbrahama, iNzalo yobukhosi. Siyakhuleka, O Nkulunkulu, nxa kulendoda kumbe umfazi, umfana kumbe inkazana, phakathi lapha, ongakwaziyo Wena; balokuthandabuza lokukhathazeka engqondweni zabo, ngeLizwi likaNkulunkulu, loba LiyiQiniso kumbe hatshi. O Nkulunkulu oMkhulu, Owenza isithembiso, woza lobubusuku! Kulesithembiso esisodwa esikhulu Owasenzayo, Nkosi; Ungasigcina leso sithembiso, Wathi, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgizenzayo laye uzakuyenza; emikhulu kulale uzayenza, ngoba Ngiya kuBaba.” Baba Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzaqinisa iLizwi Lakho.

⁸² Kulabanengi abantwana bakaAbrahama lapha lobubusuku, abagulayo. O, udeveli usebavalele; babafake ngaphakathi, futhi batshibilikisile izihluthulelo, futhi bathi, “Manje kumele ufe; ulohlupho lwenhliziyu. *Ulalokhu, lokho*, kumbe *okunye*, futhi kumele ufe.”

⁸³ O Nkulunkulu, makuthi uphondo lwejubili lukhale, lobubusuku, lweVangeli, ukuthi isigqili sonke singahamba sikhululekile! UJesu Khristu unqobile amasango lawo. Sibambe izihluthulelo ezandleni zethu. O! “EBizweni Lami bazakuxotsha odeveli. Nxa licela uBaba loba yini eBizweni Lami, Ngizakwenza. Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgizenzayo uzakuyenza laye. ILizwi likaNkulunkulu libukhali futhi lilamandla kakhulu kulenkemba esika nxa zombili, liquma lahlukane futhi umnkantsho, futhi lomdaluli wemicabango esenhliziyweni.”

⁸⁴ “Futhi njengoba kwakunjalo ensukwini zika Nowa, ngakho kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu,

ngoba babesidla, benatha, betshada, bethathana; inhlelo ezinkulu zokwakha.” Futhi sikhangelala umhlaba, “Kuzakuba lezibonakaliso, okubonakalayo okwesabisayo ezulwini phezulu (lokhu ngamasosa aphaphayo), ukuzamazama komhlaba endaweni ezitshiyeneyo, ulwandle lubhonga (amagagasi amakhulu), inhliziyo yomuntu isehluleka (ukwesaba), ukukhathazeka phakathi kwesizwe, badideka ngesikhathi.”

⁸⁵ “Futhi njengoba kwakunjalo ensukwini zikaLothi, ngakho kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu.” O Nkulunkulu, woza lobubusuku futhi wenze iLizwi Lakho, woza lobubusuku futhi uhloniphe ukholo lwabantwana bakaAbrahama. NgeBizo likaJesu Khristu siyakucela khona. Amen.

⁸⁶ INkosi ilibusise, kakhulu. Kangiyi kwenza ukubizela ku-altare nje kulesi sikhathi. Ngizakutshiyela kini. Ngicabanga ukuthi, izikhathi ezinengi, ukubizela ku-altare... ngikholwa labo. “Kodwa abanengi abemukelayo, babhaphathizwa.” Yikho, “Abanengi abamaMamukelayo.” Sizakukhulekela abagulayo.

⁸⁷ Ngingakhuluma lapha ubusuku bonke. Lingumbuthano omuhle. Kodwa lokho engikukhulumayo ngumuntu nje; kodwa nxa ngikhuluma aMazwi Akhe, khona-ke kayisiwo amazwi ami, ngaMazwi Akhe. Nxa ngingakhuluma enye into, futhi uNkulunkulu akakusekeli, khona-ke lelo kwakuyilizwi lami. Nxa ngingakhuluma iLizwi Lakhe, futhi ALisekele, ngubani leyo ndoda eyisoni kumbe umfazi, kumbe umfana, kumbe inkazana, ongahamba futhi athi Akunjalo?

